Umphakathi
Heartbeat of the community

thungela
Iphephabhuku lesigamu sonyaka

# Amazwi avela kuMpumi Sithole

Ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, ngibuke umphakathi uthatha izinyathelo eziqinile zokungena ezigabeni ezintsha zokuphila. Lokhu kubonakala kosomabhizinisi abasungule amabhizinisi abo e-industrial park eMhluzi, kubafundi abangu-61 beThuthukani abaqhubeka nokukhulisa amabhizinisi wabo, nasezindlini ezizinze kabusha eMafube eziguqula amakhono amasha abe yindlela yokuziphilisa. Lezi zindaba zikhombisa ukuthi intuthuko iba namandla uma igxile kubantu, isekelwa ngamakhono, izinsiza, kanye namathuba esikhathi eside.

Kule ngosi yoMphakathi uzofunda ngabosomabhizinisi baseMhluzi abavule indawo yokudla esekela izidingo zenxanxathela yamabhizinisi. Uzophinde ufunde ngabahlomulayo beThuthukani ababelane ngolwazi e-G20 Young Entrepreneurs Alliance Summit, nangabahlali baseSikhululiwe naseHlalamnandi abaphendule ukuqeqeshwa namathuba ezokuthutha kwaba yinzuzo. Futhi sibheka imindeni eSteve Tshwete naseGovan Mbeki esivele izwa umehluko ngemigwaqo ephephile, ugesi welanga, ukuthuthwa kwendle kanye nokuqoqwa kwemfucuza okusezingeni. Ekuhambeni kwethu sibonile ukuthi ukubambisana, ukwakhiwa kwengqalasizinda, nezinhlelo zokuthuthukisa osomabhizinisi kungakha uzinzo lwangempela.

Ngiphinde ngijabule ukwamukela i-ceo yethu entsha, uMnumzane uMoses Madondo. Unolwazi olunzulu ebuholini bezimayini e-Afrika naseNyakatho yeMelika, futhi ugqugquzela ukunakekela abasebenzi, ukuthuthukisa imiphakathi, nokudala amathuba aqavile esikhathi eside—okuhambisana nesibophezelo sikaThungela.



**UMpumi Sithole, ongumphathi omkhulu wezindaba zebhizinisi eThungela.**

## Kulengosi




Inxanxathela yamabhizinisi ithola indawo yokudla yesimanjemanje e-Steve Tshwete
Ikhasi 02




Abafundi bathola iziqu ngaphansi kohlelo lwe-Thuthukani ESD
Ikhasi 03



Amalambu asemgwaqeni akhanyiswa ngokusebenzisa iziphehlimandla ezisebenza ngemisebe yelanga
Ikhasi 13

# Indawo entsha yokukhula kwamabhizinisi emphakathini wase-Mhluzi





Amabhizinisi amancane iwona anyakazisa umnotho wesezinda samabhizinisi endaweni yaseMhluzi. Kuheleza umoya webhizinisi kulendawo egcwele amabhizinisi afana nomakhenikha bezimoto, babodwa abashisela insimbi, abadayisa ukudla okusheshayo, kanye nabacwala izinwele. Njengoba belokhu bande njalo osomabhizinisi abahweba kulendawo, kukhona Isidingo esikhulu sendawo yokuhweba lapho kuzohlangana khona abathengi, abafuna ukuzicoshela okuya ngasethunjini, kanye nokuxhumana kwabantu kwansukuzonke ngenhloso yokukhulisa amabhizinisi abo. Indawo yokudla entsha ihlangabezana nalezo zidingo, nokuyindawo ephakathi nendawo futhi eyamukela abantu ngemfudumalo ngenhloso yokweseka amabhizinisi abo nempilo yansuku zonke yasemphakathini.

Emalokishini amaningi ukuqala ibhizinisi akusiyo indlela yokuziphilisa nje kuphela, kodwa Isidingo sokuphila komphakathi wonkana. Indlela yemindeni eyahlukene yokuziphilisa, ukuhlangana kwabantu abasha ngenhloso yokwakha amathuba ezomnotho, kanye nendlela yemiphakathi yokuziqagulela ikusasa layo lezomnotho. Kodwa noma kunjalo, osomabhizinisi abancane basentula indawo evulelekile yokuhweba, uxhaso olufanele kanye nezimo zokusebenza ezizoqinisekisa ukuzinza kanye nokukhula kwamabhizinisi abo. Ukuxhasa ukukhula kwalesi sizinda samabhizinisi, i-Goedehoop Colliery yakhe indawo yokudla yesimanjemanje ngemali elinganiselwa ezigidini ezine kanye namakhulu ayisishiyagalolunye ezinkulungwane zamaRandi (R4.9 million). Lendawo yokudlela esezingeni eliphezulu iyingxenye yombono wesikhathi eside we-Goedehoop Colliery wokuvuselela izizinda zezomnotho nokusiza osomabhizinisi basemalokishini ukuba bafudukele ezindleleni eziphephile futhi ezihlelekile zokuhweba. Lombono waqala ngonyaka ka-2020 ngenkathi i-Goedehoop Colliery itshala imali esigabeni sokuqala sokwakhiwa kwalesi sizinda, ngokuqhamuka nezinhlelo zokusebenza kanye nenhlalakahle yabantu.

Lendawo yokudla ikhandelwe ukuhlanganisa abantu, yeseke osomabhizinisi abasafufusa, iphinde iphucule impilo yansuku zonke yalabo abasebenza kulendawo.

Ekhuluma emcimbini wokuvulwa kwalendawo, umphathi omkhulu wase-Goedehoop uMnumzane u-Tman Mphokane ubeke kanje "Leli lokishi alishodi nakancane ngezinto ezithinta umnotho. Elishoda ngakho umzila oqondile, kanye nendawo evulelekile ezodala ukukhula kosomabhizinisi ukuze bahlele kahle amabhizini abo, bephinde bedale namathuba emisebenzi". Uqhubeke wathi, "Lendawo yokudla izoba umthombo ofanele wokuhlangana kwabanikazi bamabhizinsi, abasebenzi, abathengi kanye nezivakashi. Kulendawo kuzoheleza umoya wokusebenza, ukuxhumana kanye nokuba lula kwezinto kulabo abasebenzisa lesi sizinda."

Umcimbi wokuvulwa kwalendawo ubuhanjelwe abaholi bomphakathi okubalwa kubo iMeya ehloniphekile yomkhandlu i-Steve Tshwete Local Municipality uMnumzane uMhlonishwa Masilela, naye oveze okukhulu ukuthakasa mayelana nokubambisana kwezinhlaka ezahlukene, waphinde wagcizelela ukuthi lendawo yokudla izohlomulisa osomabhizini abahweba kulendawo, kanye nalabo abasazofudukela kuyona njengoba iqhubeka nokukhula.

UMnumzane u-Johannes Silas ongumqondisi wezokuthuthukiswa komnotho, aphinde abhekelele ezoxhaso namaqhinga-su uhambe ngqo emagameni eMeya ehloniphekile, naye wabeka kanje, "Lena inkampani ehamba phambili ekuthuthukisweni komphakathi wase- Steve Tshwete. Lendawo yokudla iyingxenye yoxhaxha lwezinto asebezenzile ukweseka ukukhula komnotho wendawo yakithi kanye nokudala amathuba emisebenzi." Kubeka yena.

Ukwakhiwa kwalendawo kulethe amathuba emisebenzi esikhashana kubasebenzi abayisikhombisa (7) abayizakhamuzi zalendawo, kwaphinde kwanikezwa izinkampani ezisafufusa eziyisishiyagalombili (8) izinkontileka zokusebenza. Njengoba sekuphelile ukwakhowa kwayo, izophinde idale amanye amathuba ngokunikeza inkampani yendawo esafufusa umsebenzi wokubhekelela ukuhweba kwayo kwansuku zonke.

# Ukudalwa kwezindlela ezintsha zokuziphilisa ngokweseka amabhizinisi

Uhlelo lwe-Thungela lokweseka osmabhizinisi, olwaziwa ngeThuthukani, selwenza amabhizinisi endawo ukuthi angagcini nje ngokuphila, kodwa akhule ngendlela eqhubekayo.Imiphakathi eyamukele ukusebenza kweThungela ezindaweni zayo ayigcinanga ngokuthola ukuqeqeshwa okubhene ngqo nayo kuphela, kodwa iphinde yathola ukucijwa ngamaqhinga-su okusebenza, kanye nokuholwa ngazo zonke izinto ezidingekayo ebhizinisini.

Ibhizinisi ngalinye lithola ukuhlaziywa okunzulu, bese lithola uxhaso olufanele oluzolekelela ngezinhlelo zokuphathwa kwezimali nokugcinwa kwamabhuku, ukukhangisa, ukudayisa, amaqhinga-su okuphatha umsebenzi, ukuthuthukiswa kwezobuholi ukulungiselela uhlelo lwe-ISO, kanye nokuthuthukiswa kwabantu abaliphethe. Lolu xhaso lubheke ngqo nebhizinisi ngalinye, ngenhloso yokulikhulisa ukuze lincintisane kangcono emukhakheni walo, liphinde livule amanye amathuba amakhulu kulowo mkhakha.

Kulo nyaka bangamshumi ayisthupha nanye (61) osomabhizini abagogodile, bathola iziqu. Leli bekuyiqembu lesithathu ukuqeda lolu hlelo.

"I-Thuthukani ayigcini ngokuba uhlelo lokuthuthukisa amabhizinisi nje kuphela, luwumgogodla wokumelana nazo zonke izimo zomnotho kosomabhizinisi. Umfundi ngamunye ungufakazi womthelela obonakalayo walolu hlelo oluhlose ukudala amathuba omsebenzi, ukuthuthukisa imindeni kanye nemiphakathi eyahlukene." Lawa ngamazwi kaMpumi Sithole oyinhloko yezindaba zebhizinisi eThungela.






**61** Osomabhizinisi abangamashumi ayisithupha nanye bathwese iziqu

Abangamashumi amabili nesishiyaga lolunyenye **(29)** baphakela iThungeka imikhiqizo kanye nezinye izinsiza kusebenza

Sekuhlomule abangamashumi amathathu nambili **(32)** ohlelweni lokuthuthukiswa kwamabhizinisi

**50** Bathole nokugunyazwa kokuqeqeshwa kwezobuchwe pheshe kanye nezitifiketi ezisemthethweni

**Abanye** bathole ubulungu bezinhlangano ezimbili okuyi-Federated Hospitality Association of Southern Africa, kanye ne-Institute of Waste Management South Africa

# Amathuba angcono okwenza inzuzo

Phakathi kwabathweswe iziqu kukhona iqembu losomabhizini besifazane abahola amabhizinisi akhula ngesivinini esimangalisayo emikhakheni abakuyo.

U-Julliet Mhlangu ongumnikazi we-Mpangele Industrial Holdings, naye ohlomulile kulolu hlelo ubeke kanje; "Bengingenazo izinhlelo zokukala ibhizinisi lami ngiphinde ngiliphathe ngendlela efanele ngaphambi kokufika kwe-Thuthukani. Ukucijwa kanye nokuqeqeshwa ngaphansi kwalolu hlelo kungisize kakhulu ekutheni ngiqhamuke nezinhlelo ezintsha zokuphatha imali, futhi senginokuzethemba uma kumele ngixoxe nabathengi abasha, noma uma kumele ngifake izicelo zezinkontileka ezahlukene."

Omunye wabahlomulile uMnumzane uGiji John Motau, ongumphathi we-Gemad Pty Ltd yena ubeke kanje; "Uhambo lwami neThuthukani lulethe iziinguquko ezinkulu. Senginokuqonda okuphelele mayelana nokuphatha ibhizinisi elikwazi ukuzimela isikhathi eside." Lapha simucaphuna ezikhulumela yena.

Lolu hlelo lweThuthukani lwethulwa ngokubambisana ne-Raizcorp, eqhamuka noxhaso lwesikhathi eside futhi olubonakalayo kusitjengisa.

"Ukubona leliqembu okungelesithathu selokhu kwasungulwa lobu budlelwane, likhula ngokuzethemba, amakhono kanye nezindlela zokufinyelele ezimakethe, kusitjengisa amandla abonakalayo okubambisana." Kubeka u-Jeanne Renou, okumphathi wezamaqhinga-su okubambisana nokuphathwa kwemisebenzi e-Raizcorp.

## Imininingwane kanye nohlelo lokufaka izicelo ohlelweni lweThuthukani

**Ukuze ufake isicelo ohlelweni lweThuthukani kumele wenze lokhu:**

1. Ube nebhizinisi elibhaliswe ngokusemthethweni.
2. Ingxenye enkulu ngo-**51%** yokuphathwa nobunikazi bebhizinisi lakho kumele ibe sezandleni zabantu abamnyama.
3. Ibhizinisi lakho kumele lihwebe emikhandlwini elandelayo:
   - eMalahleni Local Municipality
   - Steve Tshwete Local Municipality
   - Govan Mbeki Local Municipality

**Vakashela i-website yethu ku:**

> Suppliers
> Enterprise and supplier development programme









# Abahlomule ohlelweni lweThuthukani bashiyelana inkundla ezingeni lezwe kanye nomhlaba wonke jikelele

Osomabhizinisi abayishumi abavela ngaphansi kohlelo lweThuthukani Enterprise and Supplier Develepment (ESD) basanda kuba ingxenye yengqungquthela yamazwe omhlaba emkhakheni wezamabhinisi eyaziwa nge-G20 Young Entrepreneurs Alliance Summit ebibanjelwe eGoli. Lengqungquthela ehlanganisa osomabhizinisi abasha ibibanjelwe eceleni njengoba uMnyango kaMongameli wezwe laseNingizimu Africa ububambe inqgungquthela yamazwe omhlaba angaphansi kwe-G20, nebifaka phakathi osomabhizinisi abasha abavela.







Le ngqungquthela ibihlanganise osomabhizinisi kanye nabaholi abasha abavela emazweni afana ne-United States, China, Germany, India, Brazil kanye ne-United Kingdom.

Lomcimbi uphinde wabavula amehlo abahlomule ngohlelo lweThuthukani, ikakhulukazi mayelana nezindlela ezintsha zokuphatha amabhizinisi emazingeni omhlaba, ukukhanda ubudlelwane nozakwabo abavela kulamazwe, kanye namaqhinga abawasebenzisayo emazweni abo ukubhekana nezingqinamba zamabhizinisi ezifuze lezo ababhekana nazo nabo.

Omunye wababeyingxenye yalengqungquthela u-Fehmida Sila, ongumsunguli wenkampani ezinze e-Middleburg, i-JFK Business Solutions, ongomunye wabahlomula ngaphansi kohlelo iThuthukani wathola ithuba lokuba ingxenye yeqoqo elalibhunga ngokuvala igebe emabhizinisini aholwa ngabesifazane. U-Fehmida, ongomunye wabanikezela ngezinsiza zebhizinisi ezindaweni zethu zokusebenza, ukhulume ngezinhlelo zoxhaso mali ezingagcini ngokugada okungenzeka ebhizinisini, kodwa ezikhanda ubudlelwane besikhathi eside, ziphinde zinciphise ukungena engcupheni kwamabhizinisi athinteka kwezemali-mboleko, bese zibumba osomabhizinisi abakulungele ukutshalwa kwezimali emabhizinisi abo.

Ngakolunye uhlangothi uMnumzane Sandile Mkono, ongumphathi wohlelo lwe-ESD, wabamba iqhaza kulenguyazana, wagxila kakhulu ekuxhaseni ngezimali kwamabhizinisi amancane. Wagqamisa ubudlelwane bokuxhasa ngemali phakathi kweThuthukani kanye nebhange elikhulukazi u-Absa njengesibonelo sokubambisana kwezikhungo zezezimali, kanye nezinkampani ukuqhakambisa amabhizinisi amancane.

Lenguyazana iphinde yaxhunyaniswa nengqungquthela yenhlangano yosomabhizinsi abamnyama i-Black Business Council ebibanjelwe Ekurhuleni khona eGoli, nalapho abangamashumi amabili (20) abavela ngaphansi kohlelo iThuthukani behlangane khona noMongameli wezwe u-Cyril Ramaphosa, abaphathi bamabhizinisi bakulelizwe kanye nezishaya-mthetho ezahlukene. Lengqungquthela inikeze osomabhizini ithuba lokuhlangana nabathatha izinqumo emazingeni aphezulu kulelizwe, kwabhungwa ngokungenzeka, baphinde bathola ukuqonda okunzulu ngezimo zomuthetho owengamele ukuthuthukiswa kwamabhizinisi amancane eNingizimu Afrika.

Siyaqhubeka nokudala amathuba azolekelela osomabhizinisi ukuthi bathole ulwazi ulwazi olufanele, ukubahlanganisa nabantu abafanele, izimakethe kanye nokuthola uxhaso-mali oluzobalekelela ukuthi bakhule. Lokho kuyingxenye yokuzibophezela kwethu ekuthuthukiseni amabhizinisi.



# Uhlelo lokuvuselelwa kwezindlela zokuziphilisa lulekelela imindeni ukuba yakhe kabusha ikusasa lawo



I-Mafube Coal igijime nohlelo lokulekelela imindeni eyafudukela e-Middelburg, eMpumalanga ukuba ivuselele izindlela zayo zokuziphilisa kusukela ngonyaka ka-2024. Inhloso-ngqangi yalolu hlelo ukunikeza abantu amakhono abonakalayo azokwenza kube lula ukuthola amathuba emisebenzi, futhi azobasiza ukuqala amabhizinisi ukuze bezokweseka imindeni yabo.

Amalungu omphakathi angamashumi amathathu nesishiyagalolunye (39) avela esigodini sase-Sikhululiwe nase-Hlalamnandi agogode aphinde athweswa iziqu zamakhono ngaphansi kohlelo lokuqeqeshwa lwe-Mafube Coal. "Amalungu omphakathi ahlomule ngamakhono okuthuthukisa amabhizinisi, iziqu ezisemthethweni emkhakheni wezokuthutha impahla yenani elikhulu, baphinde bathola ithuba lokwazi kabanzi ngalomkhakha. Lokhu kubanikeza amathuba angconywana okuqashwa kanye nokuziqalela amabhizinisi abo." Kusho u-Sheperd Nkadimeng oyisikhulu esiphezulu eMafube Coal.

Lolu hlelo luphinde lwasiza abebeyingxenye ngolwazi lokuqala, ukubhalisa kanye nokuphatha amabhizinisi amancane. Bafundiswe kabanzi ngokuhlela ezezimali, ukuhlela ibhizinisi, ukuqonda kabanzi ngokusebenza kwemali kanye nezindlela ezibonakalayo zokwenza imali. Abambalwa kulabo sebevele baziqalela amabhizinisi, nokuyinto ebabeka emathubeni amahle okunakekela imindeni yabo.

Kwabahlomulile kukhona no-Tsepo Jele oziqalele ibhizinisi lakhe elikhula ngesivinini elihlenzeka ngeziqandisi zamaqhwa, kanti ozakwabo okungu-Aubrey Mtsweni kanye no-Amanda Sikudo bona baqale ibhizinisi lokuwasha izimpahla eselibatholele izinkontileka ezimbalwa anamakhasimende endawo, baze bagcina sebelikhulesa ebhizinisini lokukhuculula izindlu namahhovisi.

U-Friddy Mahlangu yena usebenzise ikhono lakhe lokucwala ubuhlalu ukuze aziqalele ibhizinisi, eselibonakala likhula nangaphandle kwasesigodini sakhe. Kuthe kusenjalo uSinenhlanhla Mngomezulu wathi naye cha angisali ngaphandle, waziqalela ibhizinisi lakhe nokuqashisa ngemvunulo emicimbini yesintu.

Omunye umfundi ophothule izifundo, uMatshidiso Motsapi, wavula inthanethi café edolobhaneni ukuze ahlinzeke ngezinsizakalo ezibalulekile ezifana nokuphrinta, ukwenza amakhophi kanye nokufinyelela ku-inthanethi. UMatshidiso wabelana ngokuthi ukuqeqeshwa kumvulele amehlo amathuba ayengakacabangi ukuthi ayatholakala kuye. "Okokuqala, nginohlelo lokuqala ibhizinisi lami kanye nolwazi lokulwenza libe ngokoqobo," esho kanjalo.

Uhlelo lokufundisa ngezokuthutha lumusize kakhulu u-Portia Mbuyane ukuze athole ukuzethemba nokuqonda kabanzi ngomsebenzi akawenzayo. Uthe ukufakwa ezinkampanini ezenza lomsebenzi nobekuyingxenye yalolu hlelo kumenze wazibona esezingeni eliphezulu kubaqashi.

Lezi zindaba zombili zikuveza ngokusobala ukuthi lolu hlelo selukwazile ukusiza imindeni eyafuduka ukuba izitholele izindlela eziphusile zokuziphilisa ngamakhono kanye noxhaso olubonakalayo.

> **"Ngiyaqala ukuba nesifiso sokuziqalela ibhizinisi, ngiphinde ngibe nohlelo oluphathekayo lokuphumelela kulokho."**
> **Lana ngamazwi ka-Matshidio Motsapi ozitholele iziqu ngaphansi kwalolu hlelo**





# Silekelela imiphakathi ukuba ibe nenqubekela phambili

Emindenini eminingi, umehluko phakathi kokuziphilisa 'nje' kanye nenqubekela phambili ebonakalayo ukuthola amakhono kanye namathuba anesisindo. Ama-colliery afana neZibulo kanye ne-Goedehoop atshala imali emiphakathini eyahlukene ngenhloso yokufundisa ngamakhono okwenza imali, ukubuyisa ukuzethemba kokuzimela, ikakhulukazi kubantu abasha.

Zonke lezi zinhlelo zenziwa ngokubambisana nabantu bendawo, kanye nezinhlangano zasendaweni ezinikezela ngezinsiza zokuqeqesha. Inhloso yalokho ukuthi lezi zinhlelo zikwazi ukubhekana ngqo nezidingo zomphakathi, futhi zibe nomthelela wesikhathi eside. Lendlela yokusebenza yenza ukuthi konke ukuqeqeshwa, ukufundiswa kanye nokufakwa kwabantu ezikhaleni zomsebenzi kube umgudu obonakalayo wokuziphilisa kwabantu emiphakathini yabo.

## Ukuphothulwa kohlelo lokuthunga

IZibulo Colliery isanda kugubha ukuhlomula kwabangamashumi amathathu (30) abathole iziqu ezisemthethweni kwezemfashini nokuthunga. Lolu hlelo lwenziwe ngaphansi kwe-Loko Sewing School ePhola kanye nase Ogies. Lolu hlelo lokufunda oludonse izinyanga eziyisithupha (6) lugxile kakhulu kumakhono abonakalayo afana nokuphethwa kendwangu, ukuqagula inani elifanele lokudayisa, ukuhlelwa komkhiqizo kanye nokwethulwa kwawo kumakhasimende.

Omunye wabahlomulile uKatlego Letswalo uthi lolu hlelo lumvulele amathuba angenamkhawulo.

"Lolu hlelo lokufunda lungisize kakhulu ngokucija ikhono lami, kodwa akugcini lapho ngoba luphinde lwanginika nezindlela ezintsha zokwethula umsebenzi wami kumakhasimende. Senginokuzethemba okuyisimanga njengomthungi osezingeni eliphezulu."

Akugcinanga ngokuthi athole iziqu nje kuphela. Uphinde wahlomula ngenkontileka yokuthunga izimpahla zokuzivikela emsebenzini (PPE), nokuyinto emsize kakhulu ukuze azi kabanzi ngomkhakha asebenza kuwona. Emva kokuzama isikhathi



eside ukuthola uxhaso engalutholi, uphinde wathola uxhaso oluvela kumasipala iNkangala District Municipality. Lolu xhaso luze nemishini yokusebenza eyisithupha (6), nokuyinto emsizile ukuba aziqalele ibhizinisi lakhe lezimpahla zokugqoka ezibizwa ngokuthi i-Proud Monkey, kwafezeka iphupho lakhe leminyaka.

## Ukukhuliswa kwamabhizinisi kanye nokuqiniswa kwemiphakathi



Ngakolunye uhlangothi, i-Goedhoop Colliery inohlelo olwaziwa nge-Tools of Trade olusebenza ngokubambisana nabakhiqizi bendawo ukunikeza osomabhizinisi abancane izinsiza kusebenza ezisemqoka zokukhulisa amabhizinisi abo. Inkampani yasendaweni i- HCC Industry ixhase usomabhizinisi ngakho konke abekudinga ukuze aqale ibhizinisi lokuthwebula. Lolu xhaso lumsize ngokuthi akwazi ukungena ezimakethe ezintsha, aphinde aphucule ikhono lakhe.

Kuthe kusenjalo i-Goedhoop Colliery yaqoqa umphakathi ngenhloso yokuwufunda ngokubaluleka kwezokuphepha emakhaya nasezindaweni zomphakathi. Umphakathi uthole ukuqeqeshwa ngokubhekana nezinhlekelele ezifana nemililo, izingozi kanye nezinye izimo eziphuthumayo. Kwababekhona kubalwa abaholi bawo umphakathi, izinhlangano ezisebenzisana namaphoyisa, izakhamizi zasemapulazini, kanye nomphakathi wonkana.

Lolu hlelo lwenziwe ngokubambisana nabezimo eziphuthumayo kwaMasipala, kanye nenhlangano eyaziwa ngokuthi i-Working on Fire ngenhloso yokuletha ukuqeqeshwa okungasindisa izimpilo zabantu.



# Ukubambisana ngokwezinkontileka kuvulela imiphakathi amathuba amasha



I-Annea Colliery (Ebiyaziwa nge-Elders) iqashe abantu abangamakhulu amane namashumi amahlanu nantathu(453) ngaphansi kohlelo lwesabelo-mali esilinganiselwa ku-2 billion wamarandi. Kuphinde kwatshalwa imali elinganiselwa ezigidini eziyishumi(10 million) ngenhloso yokuqeqesha abantu abangamakhulu amathathu neshumi nane(314), nabagcina bethola iziqu ezisemthethweni ezibabeka emathubeni okuqashwa emkhakheni wezimayini nakweminye imikhakha eyahlukene. Abanye bathola izincwadi zokushayela emazingeni e-Code 14, baba semathubeni okwenza inzuzo emkhakheni wezokuthutha.

Lena imiphumela yokubeka izinkampani kanye nabantu bendawo eqhulwini layo yonke imisebenzi kusukela ekuqaleni. I-Annea yakubeka kwacaca ukuthi osonkontileka bayo abakhulu kuzomele bazibophezele ekuqasheni abantu ngenhloso yokuthuthukisa amakhono abo, baphinde bengeze okuthize emiphakathini eyakhele iGovan Mbeki Local Municipality ngokwakha amathuba emisebenzi, ukuqeqesha amalungu omphakathi, ukweseka amabhizini, kanye nokutshalwa kwezimali.

Ukuthuthukiswa kwamabhizinisi endawo enye yezinto obekugxilwe kuzona. Osonkontileka bazibophezela ekuthengeni kubakhiqizi bendawo, bachitha imali elinganiselwa ezigidini ezingamakhulu amathathu neshumi nantathu zamaqandi(313 million). Amabhizinisi endawo iwona ayenikezela ngezimpahla zokuzivikela emsebenzini(PPE), udizili, uketshezi lokuthambiza, imishini yokusebenza, kanye nezinto zokwakha. Lokhu kwasiza osombhizinisi abaningi ukuthi bakhulise umsebenzi wabo, badale amathuba emisebenzi, baphinde bazilungiselele ukuthola ezinye izinkontileka ngokuzayo.

Lolu hlelo luphinde lwatshala izimali ezindaweni zomphakathi ezenza impilo ibe ngcono. Lokhu kufaka phakathi ukulungiswa kwehholo elisetshenziswa umphakathi emicimbini yesintu, ukufakwa kwezigwedla-manzi  ezizoletha amanzi ahlanzekile emphakathini, ukwakhiwa kwezindlu zangasese ngenhloso yokuletha isithunzi kubantu kanye nokweseka ezempilo, kanye nokwesekwa kwezikole zendawo, nezikhungo zabantu abakhubazekile.

Zonke lezi zinto zikhombisa ngokusobala ukuthi umsebenzi wesabelomali esihleliwe awugcini ngokwakha imayini nje kuphela, kodwa uqinisa imindeni, amabhizinisi, uphinde uthuthukise ingqalasizinda yomphakathi.



**453** Kuqashwe amalungu omphakathi angamakhulu amane namashumi amahlanu nantathu

Kutshalwe izigidi eziyishumi zamarandi **(10 million)** ohlelweni lokuqeqeshwa ngamakhono ngokusemthethweni



Izakhamuzi ezingamakhulu amathathu neshumi nane **(314)** zithole iziqu ezisemthethweni, nokuzibeka emathubeni amahle okuqashwa emkhakheni wezimayeni nakweminye imikhakha

Amanye amalungu omphakathi athole izincwadi zokushayela ezingeni **lika-Code 14**

# IThungela inakekela ngaphezu kwamagumbi okufundela esifundazweni saseMpumalanga





Igumbi lokufundela aligcini ngokuba indawo yezivivinyo kuphela, kodwa ilapho abafundi bechitha khona isikhathi esiningi ngenhloso yokuqonda kabanzi ngempilo. Othisha banomsebenzi ongaphezu kokufundisa okubhalwe ephepheni, ofaka phakathi imizwa nemidlinzo ejulile. Izingane zifika emagumbini zithwele izingqinamba zasekhaya, kanti othisha balindeleke ukuthi bazeseke ngayo yonke indlela, nabo bebhekene nezabo izinkinga zempilo.

Ukuthola ukwesekwa ngokwengqondo kuyalinciphasa ijoka lokuzwela kalula. Kugxila ezintweni ezithinta ukuphila ngokwengqondo, namakhono okubhekana nencindezi, ukuze othisha nabafundi bakwazi ukubeka izikhalazo zizwakale. Lokhu kubasiza ukubhekana nezinkinga zasemagumbini okufundela nangaphandle kwawo.

Sisayine isivumelwano ne-University of Pretoria ngenhloso yokuletha ukwelulekwa ngengqondo ezikoleni ezisezindaweni esisebenzela kuzo eMpumalanga. Izitshudeni zalenyuvesi ezenza izifundo ze-Masters zizofakwa ezikoleni ezakhele izifunda iNkangala kanye ne-Gert Sibande ukuze zilethe ukwesekwa ngokwengqondo kubafundi bakwa-Grade R kuya ku-Grade 4. Zizosebenzisana nothisha nabafundi ukweluleka ngengqondo, kanye nokwesekwa kwansuku zonke lapho kudingeka khona kakhulu.

Lolu hlelo luyingxenye yomgqigqo weThungela owaqala ngonyaka ka-2024 wokuphucula ukufunda nokufundisa ezikoleni zikahulumeni zamabanga aphansi ezingamashumi amane nanhlanu (45) kulezi zifunda zombili. Luhlose nokwenza kangcono imiphumela yezifundo zolimi nezibalo kubafundi.


"Sesibonile ukuthi ukwenza kahle kwabafundi akulele encwadini kuphela, kodwa kulele nasekutheni sinjani isimo sabo sengqondo kanye nothisha ababafundisayo," kusho uMpumi Sithole, oyinhloko yezindaba zebhizinisi eThungela. "Ukusebenza kwethu ne-University of Pretoria kunikeza izikole lonke uxhaso eziludingayo ukuze zibhekane nezingqinamba zothisha nabafundi."

Lokhu kubambisana kuphinde kweseke izitshudeni ze-Masters zase-UP ukuba zithole isipiliyoni somsebenzi, zisekele izikole ngaphansi kokuqondisa sabeluleki abakhulu bakulezi zifunda. Umsebenzi wazo uzophinde ungene ngaphansi komnyango wezemfundo ngaphansi komthetho we-SIAS.

Othisha abayikhulu namashumi amane (140) bathole ukuqeqeshwa baphinde bagogoda ngeziqu ezisemazingeni aphansi zokunikeza usizo lokuqala ngokuzethemba nangobuchule emagumbini okufundela nasezinkundleni zemidlalo uma kunesimo esiphuthumayo. Lokhu kuqeqeshwa obekuphethwe yi-Netcare Education Faculty of Emergency and Critical Care lufundisa ngosizo lokuqala ezimweni eziphuthumayo, ukunakekela abalimele, kanye nokweseka okujwayelekile kwezempilo.

Isikole nesikole sithole izinsiza ezigcwele zokunikezela usizo oluphuthumayo, kanti isibhedlela i-Highveld sona sinikele ngefenisha ehlanganisa imibhede, amakhabethe amancane, amatafula okulala abalimele nokunye.

"Ezokuphepha ziwumgogodla wokusebenza kwethu. Kubalulekile ukuthi siqhubeke nokuzibophezela kwezokuphepha emiphakathini esisebenzela kuyo," kusho uSithole esephetha.







# Isikhungo samakhompuyutha esisha sizoletha impucuzeko yezobuchwepheshe kubafundi eLephalale

Abafundi base-Motlhajwa Secondary School bebegcina ngokuwezwa ngendaba amakhompuyutha, abakaze bephuphe ngisho belele ukuthi bengazithola sebewasebenzisa nsuku zonke. Asisekho isidingo sokuthi bephuphe, ngoba lesi sikole sizilungiselele ukwengeza izifundo zekhompuyutha njengesinye sezifundo zaso. Isikhungo esisha samakhompuyutha sizovula iminyango yokufunda ngezobuchwepheshe okokuqala ngqa kulendawo.



I-Mecopol Construction engomunye wosonkontileka bethu emsebenzini omkhulu wezimbiwa eziphathelene nokuhluzwa kuka-oyela endaweni yaseLephalale, inikele ngoxhaso-mali oludale ukuthi lesi sikole sihlomule ngamakhompuyutha angamashumi amabili nesithupha(26), umshini wokugaya izithombe-moya/i-projector, kanye nomshini wokugaya amaphepha kulesi sikhungo. Lezi zinsiza-kufunda/zinsiza-kusebenza zizolekelela isikole ukuba sizihlele ukwethula isifundo se-CAT kulonyaka ozayo, ziphinde zisize abafundi ngezifundo zabo zekhompuyutha abazidingayo ukuze balungiselele ikusasa labo.

Ukwethulwa kwalolu hlelo kwemukelwe ngenhlokomo ngabafundi, othisha kanye nabaholi bomphakathi abebehlangene ukuzonanela lentuthuko ezokwenza ukufunda kwesimanjemanje kube lula. Iningi labafundi lizobe liqala ngqa ukusebenzisa ikhompuyutha nsuku zonke, nokuzobasiza ukucosha ulwazi kalula, baphinde bazilungiselele ikusasa labo.

Ukusebenzisana nezinkampani zasendaweni ezifana neMecopol Construction kuzosiza ekuhlangabezeni kwezidingo zomphakathi, kuphinde kuqinisekise ukuthi izinhlelo zethu azigcini ezimayini nje kuphela, kodwa zisabalala nasezikoleni ezingomakhelwane nasemagumbini okufundela.





# Izinhlelo eziqinile zokuthuthwa kwendle kanye nokuqoqwa kwemfucuza koMasipala ababili iSteve Tshwete kanye neGovan Mbeki Local Municipality

Abantu abaningi abahlala emapulazini nasezindaweni zasemakhaya abanayo indlela eqinisekisiwe yokuthutha indle ngesithunzi esifanele. Cishe uhhafu wezakhamuzi ngaphansi kukaMasipala iSteve Tshwete zisebenzisa izindlu zangasese zesimanjemanje, kodwa ingxenye enkulu yabantu abahlala ngaphansi kwaloMasipala basasebenzisa izindlu zangasese zemigodi, amabhakede, kanye namaqele uma bedinga ukuzikhulula. Lokhu kunobungozi kwezempilo, ezokuphepha, futhi akusilethi isithunzi esifanele, ikakhulukazi kulabo abahlala emapulazini.

IThungela ikuqonda kahle ukuthi ukuthuthwa kwendle ngendlela enesithunzi kubalulekile ezimpilweni zabantu nsuku zonke. I-Goedhoop Colliery ngokubambisana ne-Mphikeleli Engineering and Services yakhe izindlu zangasese ezingamashumi amahlanu(50) ezaziwa ngokuthi i-Amalooloo emawadini amabili, okungu-Ward 4 kanye no-Ward 32. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi imindeni iphila ngendlela ephephile, ehlanzekile, futhi enesithunzi.

Lolu hlelo luphinde lwatshala imali emnothweni wendawo ngokunikeza abantu basendaweni abayisikhombisa(7) amathuba omsebenzi wesikhashana, lwaphinde lwanikeza inkampani yendawo ephethwe abantu abamnyama iMphikeleli Engineering and Service inkontileka yokwakha izindlu zangasese. Lokhu kutshalwa kwemali kuqinisekise ukusebenza komnotho wendawo.

Ukutshalwa kwemali engaphezu kwesigidi (1 million) kulolu hlelo akugcinanga ngokuphucula izimpilo zabantu nje kuphela, kodwa kuphinde kwaqinisa izindlela zabo zokuziphilisa ngoba lubeke eqhulwini osomabhizinisi bendawo, kanye nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi.





ISibonelo Colliery naso asimile, bheka ngoba sibambisene noMasipala iGovan Mbeki ukweseka imizamo yokuhlanza imvelo nokuphila ngaphansi kwezimo eziphephile koMasipala. Ukuqoqwa kwemfucuza kudlala indima ebalulekile ekuqinisekiseni ukuhlanzeka kanye nokuphepha emphakathini. Ukungaqoqwa ngendlela kwemfucuza kungaholela ekutheni imfucuza ilahlwe nasezindaweni ezingafanele, okungafaka abantu, amabhizinisi, kanye nemvelo ebungozini ngokwezempilo. Lezi zingqinamba zavela obala eMbalenhle ngenkathi kuvalwa indawo yokulahla imfucuza ngenxa yokushoda kwezimali zokuyinakekela. Nokuyinto eyashiya umphakathi ungenayo enye indawo yokulahla imfucuza.

ISibonelo sibambisene noMasipala ukwakha indawo entsha yokuqoqa, ukugcina, kanye nokuthutha imfucuza ngendlela ephephile. Lokhu kuzonciphisa ukulahlwa kwemfuza azindaweni ezingafanele ngokungemthetho, kuphinde kuqinisekise inhlazeko kwezemvelo.

Lezi zinhlelo zilekelela imiphakathi ukuthi iphile ngendlela ephephile, enesithunzi, ziphinde ziqinisekise ukuzethemba kuubantu abahlala emphakathini.





# Umgwaqo omusha wenza ezokuthutha zibe lula emphakathini




Indawo yaseSikhululiwe kuMasipala i-Steve Tshwete inemizi ebalelwa emakhulwini amane esebenzisa izikole, imitholampilo, kanye nezindawo zokusebenza. Sekuphele iminyaka lomphakathi usebenzisa umgwaqo oyibhuqu ohlangana nomgwaqo omkhulu u-R104, obekuyinto ebifaka ingcindezi kwezokuthutha. Lokhu bekwenza kube nzima ukufinyelela ezikoleni, kwabambezela ingqalasizinda esemqoka, kwaletha ubunzima kosomabhizinisi abancane bendawo kanye nasemphakathini wonkana.

Uhlelo lweThungela ngokubambisana neMafube Coal kanye ne-Exxaro lutshale imali ekwakhiweni komgwaqo ongamakhilomitha amathathu nesigamu (3.4km) kanye nesigwaqana esingena emgwaqeni omkhulu u-R104. Lomsebenzi okutshalwe kuwona imali elinganiselwa ezigidini ezingamashumi amahlanu nane ulethe ezokuphepha kulendawo, waphinde wenza ukuwusebenzisa kwansuku zonke kwaba ngcono.

Lomsebenzi wenziwe ngokubambisana kanye nokuxoxisana nomphakathi ukuze kuhlangatshezwane nezidingo zawo ngqo.

"Lomgwaqo owakhiwe kabusha usuwenze ezokuthutha zaba lula lendawo, waphinde waqinisekisa ezokuphepha." Kusho u-Tamara Qwatekana ongumphathi omkhulu weMafube Coal. "Ingqalasizinda yomgwaqo osezingeni elifanele wenza kube lula ukuthi abantu basebenzise ezokuthutha ukuze bafinyelele ezindaweni ezinamathuba angcono." Kusho yena u Qwatekana.

Into eyenza lomsebenzi ube semqoka iqhaza elibanjwe osomabhizinisi bendawo, kanye nokwakhiwa kwamathuba omsebenzi. Kwakheke amathuba omsebenzi ayishumi nanhlanu (15) ngenkathi kwakhiwa lomgwaqo, kwaphinde kwaxhunyanwa nabakhiqizi abahlanu basendaweni, okufaka phakathi inkampani ephakela uphethilomu. Kosomabhizinisi abancane abahlomulile kukhona iSakhisane eyathola inkontileka yokubiya. Lokhu kwaqinisekisa ukuthi ukutshalwa kwemali kwafinyelela kubantu bendawo, kwaphinde kwaba nomthelela obonakalayo kwezomnotho.

Lomgwaqo wakhiwe i-G4 Civils ngoxhaso lobunjiniyela oluvela kwa-JG Africa, ukuhlolwa komsebenzi okuvela kwa-Venn and Milford, kanye nokwengamela umsebenzi ngabakwa- Mfube's Stay in Business Projects.

Umthelela walomsebenzi uyabonakala emphakathini.

"Lomgwaqo nje uwodwa usuyishintshile indawo yaseSikhululiwe. Wenze kwaba lula ukuthi abantu bekwazi ukufinyelela ezikoleni nasemtholampilo." Lawa ngamazwi ekhansela laku-Ward 7 u-Iddy Mahlangu. "Siyabonga ngokubambisana neMafube kulokhu kutshalwa kwezimali emphakathini wakithi"

Imeya ehloniphekile kaMaspala iSteve Tshwete uMnumzane uMhlonishwa Masilela ubeke kanje. "Lomsebenzi uveza ngokusobala ukuthi kuningi esingakwenza uma uhulumeni ebambisene nezinkampani ezizimele. Ukwakhiwa kwalomgwaqo kusilethele ingqalasizinda ezolekelela umphakathi wakithi ngokufinyelela ezindaweni odinga ukufinyelela kuzo kalula, kulethe amathuba emisebenzi, kuphinde kufake umfutho ekukhuleni komnotho wasendaweni."

Lomsebenzi uqinisekisa ukuzinikela kweMafube Coal ekuxhaseni ukuthuthukiswa komnotho kanye nehlalakahle yabantu emiphakathini esebenzela kuyona.



# Ukuvuselelwa kwezokuphepha kanye nokuletha ukukhanya kuMasipala iGovan Mbeki

Ukuba nogesi ongenazo izinkinga kuletha isithunzi ekuphileni kwabantu kwansuku zonke. Ulekelela ezintweni ezisemqoka ezifana nokukhanyisa, ukufunda, kanye nokukwazi ukusebenzisa yonke into esebenza ngogesi. Sekuphele iminyaka izakhamuzi zase-Steve Tshwete kanye nezaseGovan Mbeki zingenawo ugesi, ikakhulukazi labo abahlala ezindaweni zasemakhaya kanye nasemapulazini. Ukungabi nagesi kwenza impilo ibe nzima, ngoba awukwazi ngisho ukusebenzisa umakhalekhukhwini.

Lemiphakathi isiyalubona ushintsho manje ngenxa yezinhlelo zokuphakela ngogesi ngenhloso yokuphucula izimpilo zabantu.

## Ukuphakelwa kwamandla ezindaweni ezingaphansi kwe-Steve Tshwete Local Municipality ngenhloso yokuletha isithunzi kubantu



U-90% wabantu abahlala emawadini asezindaweni zasemakhaya kanye nasemapulazini awunawo ugesi, ikakhulukazi ku-Ward 32 kanye naku-Ward 4. I-Goedhoop Colliery inikeze imizi engamashumi ayisithupha (60) iziphehlimandla eziphathekayo kanye neziphehlimandla ezisebenza ngemisebe yelanga ngenhloso yokuxazulula lenkinga.

U-Tman Mphokane ongumphathi omkhulu wase-Goedhoop uveze ukubaluleka kwalomsebenzi enkulumweni yakhe akayethule emcimbini wokwethula lolu hlelo kubantu. "Lokhu esikwenzayo akusikhona ukuletha ugesi kubantu nje kuphela, kodwa ukuqinisekisa ukuthi abantu banekusasa eliqhakazile." Kusho yena. "Ukuba nogesi kusho ukuthi izingane sezizokwazi ukufunda kahle ekukhanyeni, abantu bekwazi ukusebenzisa omakhalekhukhwini babo, kanti kunezakhamizi ezizobe ziqala ukubukela umabonakude."

Oyilungu lekomidi ku-Ward 4 u-Carlos Vilankulu ubonge imayini ngokuba isibonelo esihle emphakathini, washo nokuthi "lomsebenzi uletha ithemba kanye nesithunzi kubantu."

U-Carlos uphinde wagcizelela amagama akhe okubonga, esho nokuthi okwenziwe i-Goedhoop Colliery kuyisibonelo nakwezinye izimayini ezisebenza bude buduze nalendawo.







# Imigwaqo ephephile futhi ekhanyayo ebusuku kuMasipala iGovan Mbeki





Kuthe kusenjalo, eVlakkuilen ase-Umcebo eduze kweBethal, i-Annea Colliery ilethe umsebenzi weziphehlimandla ezisebenza ngemisebe yelanga ukuze uthuthukise ezokuphepha nempilo enokukhanya.

Lomsebenzi obalelwa emalini engangezigidi ezimbili (2 million) ufaka phakathi ukwakhiwa kwezigxobo zamalambu asemgwaqeni asebenza ngamandla emisebe yelanga ezingamashumi ayisishiyagalombili, waphinde wanikeza imizi engamashumi ayisishiyagalombili nambili (82) iziphehlimandla eziphathekayo zasekhaya. Lomsebenzi usuwonke ukwazile ukuphucula izimpilo zabantu abangamakhulu amane namashumi amahlanu.

Emva kokuxoxisana nomphakathi, i-Annea ibone ukucishwa kukagesi kanye nokungakhanyi kwemigwaqo ebusuku njengezinye zezingqinamba. Kwaqala ngokuhlolwa kweziphehlimandla ezinhlanu (5) ngaphambi kokusabalalisa uhlelo. Lokhu kwakwenziwa ngenhloso yokuqinisekisa ukuphakelwa kukagesi ngendlela efanele, kanti kwenziwa ngokubambisana ne-Mecapol.

"Ziningi izindlela zokuphakela abantu ugesi ebesizicabanga, kwachuma lena yokusebenzisa iziphehlimandla ezisebenza ngemisebe yelanga." Kusho u-Tman Mphokane ongumphathi omkhulu wase-Annea. "Siyaziqhenya ngokuphakela izakhamuzi ugesi ophephile futhi ozokwenza impilo ibe lula."

USibongile Motau oyilungu lomphakathi uthi lomsebenzi ulethe ushintsho lwangempela ezimpilweni zabantu njengoba sebekwazi ukuzihambela ebusuku ngokukhululeka. Wathi neziphehlimandla eziphathekayo zilethe omkhulu umehluko emakhaya amaningi.

Loluhelo lunikeze abantu abayishumi (10) amathuba omsebenzi esikhashana. Kuqashwe ngokulingana ezigodini zombili.


**"Lolu hlelo lubuyise ezokuphepha emphakathini wakithi, lwaphinde lwaletha ushintso olubonakalayo kubantu" kusho uMhlonishwa uNhlakanipho Zuma, iMeya kaMasipala iGovan Mbeki.**



# Amalambu omgwaqo ase-Leandra aletha ukuphepha emphakathini

Amalambu omgwaqo ayisishiyagalombili (8) abekade engasakhanyi eLebohang eLeandra, manje asevuselelwe ngomsebenzi owenziwe yiZibulo Colliery. Ukulungiswa kufake ubuchwepheshe besimanje bohlobo lwe-LED, obuqinile futhi obusiza ukuthi kungabi lula ukuwalimaza. "Ezokuphepha ziwumgogodla wokusebenza kwethu, kubalulekile ukuthi izindawo zomphakathi zikhanye ebusuku," kusho uMatome Moremi, ongumphathi omkhulu eZibulo Colliery. UMkhandlu waseGovan Mbeki uwamukele lo msebenzi, lapho iMeya uNhlakanipho Zuma ithi: "Lokhu kusho lukhulu emphakathini waseLebohang." Kuqashwe usonkontileka wendawo, kwadaleka imisebenzi esikhashana engu-7, okuqinisa amakhono nomnotho wendawo.





# IMafube Coal ipenda Izindlu zikaGogo esigodini saseSikhululiwe



Sekuvuleke ikhasi elisha lokuziqhenya ngamasiko nokongiwa kwawo endaweni yaseSikhululiwe ngaphansi kukaMasipala iSteve Tshwete. Lokhu kuza emva kokupendwa kahle ngemibala yesiNdebele kwezindlu zesintu ezaziwa ngokuthi Izindlu zikaGogo, nokubuyise ukuziqhenya nokuzazi emakhaya abantu abafuduka.

Indlu kaGogo indawo engcwele lapho abantu begcina khona amasiko bephinde benze imicimbi yesintu ukuze bexhumane namadlozi abo. Lamaqhugwane apendwe ngendlela ehlukile ukunamanye egcekeni ngenxa yokubaluleka kwawo.

IMafube Coal izibophezele ngokuvuselela konke okuthinta amasiko kulendawo ngenhloso yokuhlonipha inkolo namasiko abantu abafuduka. Lokhu kufaka phakathi ukwakha izindlu zakwaGogo kuyona yonke imindeni eyayinazo ngaphambi kokufuduka.

Kulomsebenzi kutshalwe imali elinganiselwa ezinkulungwaneni ezingamashumi ayisithupha nesishiyagalolunye namakhulu ayisikhombisa, namashumi amahlanu nane(R69 754), kwaphinde kwanikezwa abesifazane abathathu(3) amathuba emisebenzi esikhashana wokupenda lezi zindlu. Kuzophinde kupendwe amanye amaqhugwane amathathu uma sekuqediwe ukwakhiwa.

IMafube Coal itshengisile ukuthi umkhakha wezimayini awugcini ngokusebenzisa umhlaba nokwakha ingqalasizinda nje kuphela, kodwa uphinde uhloniphe amasiko kanye namagugu omphakathi wonkana. Lamaqhugwane apendwe kabusha iwona azogcina amasiko kanye namagugu abantu isikhathi eside.

**"Lomsebenzi kuhloswe ngawo ukuvikela ukuzazi ngokomoya kanye nenkolo yabomdabu abafuduka, kuphinde kuqinisekiswe ukuthi amagugu esiNtu awashabalali. Ukwakhiwa kwabusha kwalaqhugwane kuvuselela isithunzi kulemindeni."**

Bontle Bostander, regional social performance manager.



# Ukuzinikela kweThungela ekuvikeleni kwamalungelo abantu:
## Umthetho osebenzayo

**Kuyilungelo lawo wonke umuntu ukuphathwa ngendlela enenhlonipho nobubele, kanye nokuthola amathuba okuziphilisa alinganayo. EThungela sizimisele ukuhlonipha lamalungelo kuyona yonke into esiyenzayo, ngokulawulwa imigomo ye-United Nations ephathelene nokuhlonishwa kwamalungelo abantu kanye nokuthuthukiswa kwamabhizinisi.**

Kulengosi sihlonipha amalungelo awo wonke umuntu abanikeza isithunzi, amalungelo okuphila ngesithunzi, ukunethezeka, kanye nezindlela zokuphila ezikhululekile.

EThungela sikuqonda kahle ukuvikelwa kwamalungelo abantu ngesithunzi ukuze kuthuthukiswe inhlalakahle yabo yansuku zonke, kusukela ekuqoqweni kwemfucuza, ukuthutha indle, ukuthola amanzi ahlanzekile, kanye nokukwazi ukuziphilisa emakhaya abo. Siyakuqinisekisa ukuthi izinhlelo zethu zokuthuthukisa umphakathi zikhandwe ngendlela ezoba nomthelela obonakalayo ukuze kuhlomule izakhamizi kanye nemindeni eyakhele umphakathi.

### Ilungelo lokuba nesithunzi: Ukuvuselela ukuzigqaja kanye nekusasa eliqhakazile

Wonke umuntu unelungelo lokuba nesithunzi kanye nokuvikeleka kwaso. Sizibophezele ekutheni imiphakathi esisebenzela kuyona ibe nekusasa eliqhakazile futhi iphinde ivikeleke ngesithunzi.

**Lokhu kufaka phakathi:**

**01.** **Ukuthuthwa kwendle ngendlela ehloniphekile:** Uhlelo olufana nalolu olwaziwa ngaMalooloo ablution facilities, nokuyindawo egqugquzela ukuhlanzeka. Sisiza imindeni ngezenhlanzeko ezinesithunzi ukuze iphile impilo esezingeni elifanele.

**02.** **Ukugcina imvelo ihlanzekile:** Seseka yonke imizamo yokunakekela imvelo ukuze ihlanzeke, ibe nempilo, futhi iphephe kubantu bendawo. Lokhu sikwenze ngokuhlela indawo yokuqoqa imfucuza kuMasipala iGovan Mbeki.

**03.** **Amandla kagesi aphephile futhi avikelekile:** Siphucula izimpilo zabantu ngokubanikela iziphehlimandla eziphathekayo kanye nengqalasizinda yokukhanyisa.

### Ukuzibophezela kwethu ngamalungelo abantu

Sikwenze kwaba lula ukuthi abantu babike izikhalazo noma izimvo ngenhloso yokuvikela amalungelo abo. Lokhu kungenziwa emnyangweni wethu obhekelele ukuphathwa kwabantu nabasebenzi, noma ngemfihlo kulayini ozimele we-HAIBO! wokubika okungahambi kahle. Lo layini utholakala kubasebenzi, osonkontileka, abakhiqizi kanye namalungu omphakathi.

Inombolo yamahhala: 0800 555 117 | I-email: Thungela@tip-offs. | I-website: www.tip-offs.com

*Zonke izikhalazo zithathwa njengezibalulekile, futhi ngokukhulu ukushesha. Ungabikanganoma iluphi ulimi oluthandayo.*

# Ukumba ngokunakekela: Izigaba ezibhekelela ukumba ezisemazingeni omhlaba

Engosini yethu eyedlule sabheka kabanzi impilo yemayini ngokwemvelo, kusukela okuthungatheni izimbiwa, kuya ekukhishweni kwazo emathunjini omhlaba, kuze kuyofika ekuvalweni kwemayini.

Kulengosi sizogxila emigomweni eyengamele ukumba ngendlela enokunakekela okusemazingeni omhlaba.

Lamazinga aqinisekisa ukuthi kumbiwa ngendlela ewuvikelayo umphakathi, imvelo kanye nezizukulwane ezilandelayo.

## 01 Ukutholakala kwezimbiwa (Isigaba sokuthungatha)



Kulesi sigaba kusuke kuhlolisiswa umthelele ongaba kwezemvelo nenhlalakahle yabantu, kungakaqali nakuqala ukumbiwa. Phakathi kokunye, lesi sigaba sisebenza ngaphansi kwemigomo yomhlaba esingabala kuyo i-Globa Reporting Initiative (GRI), i-International Finance Corporation (IFC), kanye ne-Council on Mining and Metal (ICMM). Lemigomo iyona eqinisekisa ukumba ngokunakekela iphinde iqinisekise ukuhlolisiswa komthelela ongaba khona ekuphakeleni ngamanzi, ezemvelo, kanye nemiphakathi. Iphinde ikhuthaze ukuthungatha okusemthethweni, ukuvikewa kwamalungelo abantu, kanye nokuhlolisiswa komhlaba ngaphambi kokuba kumbiwe.

## 02 Isigaba sokulungiselela ukumba



Uma sekuqinisekisiwe okuzombiwa, kungenwa esigabeni sokulungiselela, naso esenganyelwe imigomo esamazingeni omhlaba esingabala kuyo i-Environmental Management Systems ebhekelela ukungcolisa kanye nokuvikelwa kwamanzi, i-UN Global Compact Principles yona ebhekelela abasebenzi kanye namalungelo abantu, i-ICMM yona eqaphe ukuvalwa kwemayini iphinde igqugquzele ukuhlelwa kokuvalwa, ukulungisa umhlaba kanye nokufuduka komphakathi kungaqalwa nakuqalwa ukumbiwa.

## 03 Ukukhiqiza (Isigaba sokumba)



Ukumba nakho kwenganyelwe imigomo esamazingeni omhlaba ngenhloso yokuvikela imvelo kanye nabantu. Phakathi kwalemigomo singabala i-International Sustainability Board ebhekelele ukuguquguquka kwesimo sezulu kanye nokubika okufanele, i-Task Force on Climate-related Financial Disclosures yona ebhekele ubungozi bokuguquguquka kwesimo sezulu, i-ICMM Environmental and Social Performance ebhekelele ukusetshenziswa kwamanzi, ezemvelo, ukuhlanzeka komoya kanye nezempilo ezithinta umphakathi. Bese kuba i-Occupational Health and Safety yona ebhekelele ukuphepha kwabasebenzi kanye nokuhlolisiswa kwezinto ezingaba ingozi.

Ukuvalwa kwemayini sekuthathwa njengomsebenzi wesikhathi eside ngenxa yokuvikela imvelo kanye nemiphakathi, kanti nakho kwenganyelwe imigomo efana ne-ICMM Intergrated Mine Closure ebhekelela ukubuyiselwa esimweni komhlaba kanye nokuvikelwa kwamanzi, i- IFC Standard 5 evikela ukuziphilisa kwamalungu omphakathi, kanye ne-Biodiversity No Net Loss/Net Gain yona ebhekelela ukuhlunyeleliswa kwemvelo. Bese kuba i-UN SDGs, nokungumqulu wemigomo eqinisekisa ukuvalwa kwemayini ngendlela ezokwenza kube lula ukuthi umhlaba uphinde usetshenziswe.



## Ungayi ndawo!

Engosini yethu elandelayo sizokutshela kabanzi ngokwenzekayo uma kuvalwa imayini, nokuthi ukuvalwa ngendlela kwezimayini kungawuvulela maphi amathuba umphakathi, imvelo, kanye nezizukulwan ezilandelayo.

# Sikwethulela i-Nkulo Community Partnership Trust kanye nebhodi layo

I-Nkulo Community Partnership Trust iholwa ibhodi Labantu abavela emphakathini, osolwazi abazimele, kanye namalungu aqokwa abaxhasi asebenza ngokubambisana ukuqinisekisa ukusebenza kwayo. Badlal indima yokuqinisekisa ukuthi imisebenzi yethu ihlomulisa yonke imiphakathi esisebenzela kuyo njengeThungela.



**Professor Hellen Myezwa**
**Usihlalo**

Usihlalo webhodi oyisazi sezemfundo e-University of the Witwatersrand, unesipiliyoni esingaphezu kweminyaka engu-30 kwezempilo, ukuziphatha kanye nokuthuthukiswa komphakathi. Uhola le-Trust ngokugxila ezixazululweni ezincike emphakathini ezinomthelela wesikhathi eside.



**Michael Mpanza**
**Ilungu elizimele**

UMichael yena unesipiliyoni kwezezimali, ukucwaningwa kwamabhuku, kanye nokuhola. Yena udlala indima yokuqinisekisa ukuthi le-Trust isebenza ngendlela efanele, nokuthi izinsiza kusebenza zisetshenziswa ezindaweni ezihlelelwe zona.



**Dr. Bhekefini Mthethwa**
**Ilungu elizimele**

UDr Bhekefini ungusolwazi kwezemfundo nokuqeqesha futhi uzinikele ekukhuthazeni imfundo enomthelela obonakalayo. Ugxila ekusekeleni imiphakathi enganakiwe, ikakhulukazi abangasebenzi nabangenawo amathuba okuqeqeshwa.



**Nomfundo Cebekhulu**
**Ilungu eliqokwe ngabaxhasi**

UNomfundo uyi-Chartered Accountant osebenza eThungela, onobuchwepheshe bokukhulisa amabhizinisi kanye nesu. Uletha ulwazi lwamabhodi nezindlela zokuphatha ezisekela ukusebenza kwe-Trust ngokuvuleleka.



**Sihle Nkomo**
**Ilungu eliqokwe ngabaxhasi**

USihle usebenza ethimbeni elibhekelele ukuphathwa kwabasebenzi eThungela futhi unesipiliyoni kwezokunakekelwa kwabantu. Uletha amakhono okusekela abantu kanye nokuqeqesha okuvula amathuba emphakathini.



**Mpumi Sithole**
**Ilungu eliqokwe ngabaxhasi**

UMpumi uyinhloko yezindaba zebhizinisi eThungela. Uqinisekisa ukuthi imisebenzi ye-Nkulo Trust ihambisana nemibono kanye nezibophezelo zeThungela.



**Nontobeko Mtshali**
**Ilungu lomphakathi**

UNontobeko uneziqu ze-accounting azenza e-University of Johannesburg futhi ungusomabhizinisi onomdlandla. Ufuna ukuletha ushintsho olubonakalayo ngokukhuthaza izindlela zokuziphilisa nokuthuthukisa umphakathi.



**Sithembiso Mthimunye**
**Ilungu lomphakathi**

USithembiso unesipiliyoni esibanzi ekuthuthukiseni umphakathi, ikakhulukazi ngokusebenzisana nabantu abakhubazekile nabanye abentulayo. Uzinikele ekuqinisekiseni ukuthi amalungu omphakathi ayawathola amathuba futhi ayasekelwa.



**Bongani Thwala**
**Ilungu lomphakathi**

UBongani unguchwepheshe kwezokuphathwa kwemisebenzi, ukulawulwa kwezimali kanye nobuholi. Uzinikele ekusebenziseni amakhono akhe ukuthuthukisa umphakathi nokudala amathuba kubantu abasha.

# INkulo Trust yamukela izicelo

INkulo Trust imema izinhlangano ezigunyaziwe ukuba zifake izicelo zoxhaso lwemisebenzi kanye nezinye izinhlelo. Leli thuba lizobeka eqhulwini izinhlelo ezibhekelele ukuthuthukiswa kwemiphakathi kanye nomnotho ezindaweni okusebenzela kuzo iThungela.

## Nazi izicelo ezizokwamukelwa:

Ezizobhekana ngqo nezidingo zomphakathi, ngokwesekwa ubufakazi.

Ezizoba nomthelela obonakalayo kwezomnotho nenhlalakahle yabantu.

Ezidala amathuba azoqinisa imiphakathi.

**Zihambelane nemigomo yeNkulo Trust, efaka phakathi:**

- Ezemfundo kanye nokuthuthukiswa kwamakhono.
- Ezempilo kanye nenhlalakahle yabantu.
- Ukuthuthuka komnotho emazingeni aphansi.

## Amaphuzu abalulekile okumele uwaqaphele

- Kuzokwamukelwa isicelo esisodwa ifomu ngalinye.
- Izicelo kumele zibhalwe kahle, zibe nayo yonke imininingwane.
- Zonke izicelo zizodlula ngaphansi kohlelo lokuhlonza oluncike ezintweni eseziqaguliwe ezihambelana nemigomo yeNkulo Trust.
- Kubhekwe kakhulu izicelo ezizoqinisekisa ukukhula komnotho kanye nokuthuthukiswa kwezimpilo zabantu.
- Yonke imisebenzi izokwenziwa ngaphandle kokubheka inzuzo
- Izimali zizokhishwa ngokubheka ukuthi isicelo siyahambelana yini nemigomo ye-Trust, iPBO yayo, kanye nombono wayo.

## Abavumeleke ukufaka izicelo ngokwezindawo

Imisebenzi ezoxhaswa kumele iqinisekise ukwesekwa kwezindawo lapho okusebenzela khona iThungela, kanye nezindawo ezihlala abasebenzi balesi sikhondlakhondla senkampani, okufaka phakathi:

| Imiphakathi esisebenzela. Kuyo eMpumalanga: | Izindawo lapho okuhlala khona abasebenzi: |
|---|---|
| • Goedehoop | • Gauteng |
| • Greenside | • Limpopo |
| • Annea | • KwaZulu-Natal |
| • ISibonelo | • Eastern Cape |
| • Khwezela | • Lesotho |
| • Zibulo | • Eswatini |
| • Mafube | • Mozambique |

## Ubani okumele afake isicelo?

Izikhungo zemfundo ezingenzi nzuzo, izinkampani ezizimele kanye nabantu abatshengisa ukuhambelana nemigomo kanye nemibono yeNkulo Trust.

Izicelo kumele zihambelane nefomu lokufaka isicelo, kanye nawo wonke amaphepha adingekayo kuleli kheli: 25 Bath Avenue, Rosebank, Johannesburg 2196, noma uthumele i-email ku: info@nkulotrust.com ungakashayi umhlaka 27 kuNhlolanja 2026, ngehora lesine ntambama.

Vakashela i-website yethu ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa, uphiinde uthole nefomu lokufaka isicelo: **www.nkulotrust.com**

## Izikhalazo | Uhlelo lokukhononda kanye nemininingwane yokuxhumana

IThungela inohlelo oluqhubekayo oluvumela amalungu omphakathi ukuba afake izikhalazo nokukhononda. Lolu hlelo luqinisekisa ukuthi isizinda esithintekayo sizokwamukela izikhalazo emahoreni angaphansi kwangu-24, bese siphendula ngesikhalazo ngasinye ezinsukwini zokusebenza ezinhlanu noma ngaphansi.

Amalungu omphakathi ayanxenxwa ukuba ayisebenzise lemigudu eyakhiwe ngokuhleleka yiThungela ukuze ezwakalise izimvo zawo, nokuyinto engqugqquzela ukusebenza ngokuvuleleka phakathi kwemayini nomphakathi.

### Ungasibhalela kulemininingwane elandelayo:

Goedehoop
faith.mashego@thungela.com

Zibulo north shaft project
Msizi.myeni@thungela.com

Zibulo
zibuloengagement@thungela.com

Mafube
nonkululeko.msinga@thungela.com

Isibonelo
isisp@thungela.com

Khwezela
lindokuhle.a.maseko@thungela.com

Greenside
lebogang.raboshakga@thungela.com

Annea
Musa.Mitileni@thungela.com

### Zifikele mathupha!

Khuluma nongada kunanoma ngabe iyiphi indawo esisebenzela kuyo

Bese umunikeza lemininingwane elandelayo

- Isikhathi nosuku
- Igama lakho kanye nenombolo yakho yocingo
- Isikhalazo sakho
- Nesixazululo osifunayo

Sivakashele kwi-ebsite yethu nasezinkundleni zokuxhumana mayelana nolwazi oluthe xaxa:

www.thungela.com | Thungela (LinkedIn) | Thungela (Facebook)